Ukuphila Ngendlela Ejabulisa UNkulunkulu

(Ingxenye 2)

Isekelwe esahlukweni 12 sencwadi ethi *Lifundisani Ngempela IBhayibheli?* etholakala kuyi-jw.org/zu.

INJONGO: Hlola lokho okukholelwayo nokuthi kungani ukukholelwa, hlola nalokho okufundiswa iBhayibheli, futhi ubone ukuthi ungazichaza kanjani izinkolelo zakho kwabanye.

SINGAKWAZI YINI UKUJABULISA UNKULUNKULU NAPHEZU KOKUHLASELA KUKASATHANE?

1 HLOLA IZINKOLELO ZAKHO

Kungani abanye abantu bengathi cha?

Kungani abanye bengathi yebo?

Yini *wena* oyikholelwayo?

Kungani ukukholelwa lokho?

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

2 HLOLA LOKHO OKUFUNDISWA IBHAYIBHELI

Indoda ethembekile uJobe yakukhuthazelela ngempumelelo ukuhlasela kukaSathane.

(Bheka isahluko 12 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 6-12.)

Funda uJobe 1:10, 11.

Yini eyazanywa uSathane ukuze enze uJobe alahlekelwe ubungane bakhe noNkulunkulu?

Funda uJobe 1:22; 27:5.

UJobe wasabela kanjani ekuhlaseleni kukaSathane?

Uma izimpande zesihlahla zingene zajula emhlabathini, siyokwazi nakakhulu ukumelana nezivunguvungu ezinamandla. Ngendlela efanayo, lapho ubungane bethu noNkulunkulu buqinile, siyokwazi ukubukhuthazelela kangcono ubunzima

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

USathane ufuna ukuba uyeke ukukhonza uJehova, kodwa ngosizo lukaJehova ungakwazi ukukhuthazela.

(Bheka isahluko 12 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 13-16.)

Funda izAga 24:10 neyoku-1 Petru 5:8.

Sazi kanjani ukuthi uSathane angasebenzisa ukuhlasela okuqondile (njengoshushiso) nokuhlasela okucashile (njengokudikibala) ukuze azame ukusenza silahlekelwe ubungane bethu noNkulunkulu?

Funda uJobe 42:12-17 nezAga 27:11. (Bheka isithombe esisekuqaleni.)

Sazi kanjani ukuthi uJehova uyajabula lapho sihlala sithembekile kuye?

Kukwenza uzizwe kanjani ukwazi ukuthi izinqumo zakho zingenza inhliziyo kaJehova ijabule?

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

3 CHAZA IZINKOLELO ZAKHO

UMA UMUNTU ETHI . . .

Uma umuntu ebhekene nobunzima, kusho ukuthi kunokuthile okungalungile akwenzile.

UNGASE UPHENDULE . . .

Abantu abaningi bangavumelana nalokho. Kodwa ngikholelwa okuhlukile ngoba . . .

_____

_____

Yimuphi umBhalo ongamfundela wona?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

UMA UMUNTU ETHI . . .

Njengoba uNkulunkulu enamandla kunabantu ngokungenamkhawulo, akukho esikwenzayo okungamthinta.

UNGASE UPHENDULE . . .

Kuyiqiniso ukuthi uNkulunkulu unawo wonke amandla. Kodwa ngiyakholelwa ukuthi *singayithinta* imizwa yakhe ngokwenza okumjabulisayo ngoba . . .

_____

_____

Yimuphi umBhalo ongamfundela wona?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania